

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

**ISIMO SESHEDULI YOKUPHEPHA NOBUNGOZI BOMUTHI:**

S5

**IGAMAKUHWEDA LOMKHIQIZO KANYE NESIMO SOMTHAMOSILINGANISO:**

**ZOXADON 0,5 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* engu-0,5 mg.

**ZOXADON 1 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* eyi-1 mg.

**ZOXADON 2 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* engama-2 mg.

**ZOXADON 3 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* engama-3 mg.

**ZOXADON 4 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* engama-4 mg.

**ZOXADON 6 mg:** Iphilisi ngalinye liqukethe *risperidone* engama-6 mg.

**Funda ngokucophelela lonke leli pheshana lolwazi ngaphambi kokuba uqale  
ukusebenzisa amaphilisi iZOXADON**

Ligcine leli pheshana lolwazi. Kungenzeka ukuthi kudingeke ukuba uphinde futhi ulifunde.

Uma uneminye imibuzo engeziwe, buza udokotela wakho noma usokhemisi.

IZOXADON iqondene nawe kuphela futhi inikezwe wena, ngakho-ke ungalokothi wabelane ngayo nabanye abantu. Kungenzeka bona ibalimaze, nakuba nabo benezimpawu ezifana nezakho.

**1. OKUQUKETHWE YIZOXADON**

Isithako sokwelapha esiyinhloko esiqukethwe lapha: *Risperidone*

Ezinye izithako yilezi: *microcrystalline cellulose, lactose anhydrous, magnesium stearate, Opadry* emhlophe noma ephuzi, kanye nesitashi esiguquliwe saba yimpushana eyomile (*pregelatinised starch*).

Iqukethe ushukela wohlobo oluyi *lactose anhydrous* (ongama-61,70 mg ephilisini elingu-0,5 mg; ushukela ongama-61,25 mg ephilisini eliyi-1 mg; ushukela ongama-122,50 mg ephilisini elingama-2 mg; ushukela ongama-183,75 mg ephilisini elingama-3 mg; ushukela ongama-

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

245 mg ephilisini elingama-4 mg kanye noshukela ongama-367,50 mg ephilisini elingama-6 mg).

## **2. IZOXADON ISETSHENZISELWA LOKHU**

*Irisperidone* ngumuthi oyingxenye yeqoqwana lemithi emisha yokulawula izimpawu zokugula kwengqondo.

IZOXADON isetshenziselwa ukwelapha:

- Isifo *ischizophrenia* esixinayo noma esiyisimbelambela (lapho kungenzeka ubone, uzwe ngezindlebe noma ngezinye izinzwa zomzimba izinto ezingekho, ukholwe izinto ezingelona iqiniso noma uzizwe ufikelwa umuzwa osolisayo ngokungajwayelekile noma uzizwe udidekile) kanye nokunye ukugula kwengqondo okuhlobene nalokho, lapho umuntu enobunzima bokuhlukanisa phakathi kwento ekhona kanye nento engekho futhi lapho kugqame khona kakhulu izimpawu zokuphazamiseka kwendlela ejwayelekile yokubona izinto ezenzekayo kanye/noma izimpawu zokungabi nantshisekelo
- *Mania*, lapho kungenzeka uzizwe uthakasile, ujabulile, unexhala, unomdlandla noma ukhuthele kakhulu. *Mania* yenzeka lapho umuntu ephethwe isifo sengqondo esibizwa nge' *bipolar disorder*
- Izinkinga eziphathelene nokuziphatha kwezingane kanye nezinye izinkinga eziphathelene nokuziphatha ngendlela enolaka futhi ephazamisayo, ezinganeni (ezineminyaka emi-5 kuya kweyi-12 ubudala), okuyizinkinga ezihambisana nokusebenza kwengqondo ngendlela engaphansi kwaleyo elindelekile nejwayelekile, noma ukukhubazeka kwengqondo lapho kugqame khona kakhulu ukuziphatha ngendlela elimazayo.

## **3. NGAPHAMBI KOKUBA USEBENZISE IZOXADON**

Ungalokothi usebenzise iZOXADON:

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- Uma umzimba wakho ungezwani *nerisperidone* noma uma ungezwani nanoma yisiphi esinye isithako seZOXADON (bheka isigatshana esithi **LOKHO OKUQUKETHWE YIZOXADON**).
- Uma ungumuntu osekhulile ngokweminyaka onesifo sokuphazamiseka kwengqondo (*dementia*)
- Uma ukhulelwe noma uncelisa
- Uma uneminyaka engaphansi kwemihlanu ubudala futhi unezinkinga eziphathelene nokuziphatha kanye nokunye ukuziphatha ngendlela enolaka futhi ephazamisayo
- Uma unesifo *iParkinson's disease* (ubuthakathaka bemisipha yomzimba, ukuqina kwemisipha yomzimba, ukunyakaza ngendlela ebonisa ukukhubazeka nokuphazamiseka okuthile futhi okunensayo, kanye nokuqhaq hazela)
- Uma unesifo *iLewy body dementia* (uhlobo oluthile lwesifo sokuphazamiseka kwengqondo esiya ngokuya siba sibi).

**Qaphela kakhulu uma usebenzisa iZOXADON:**

Tshela udokotela:

- Uma usebenzisa amaphilisi *ifurosemide*
- Uma unomlando wokuhlaselwa yizinkinga eziphathelene nokugeleza kwegazi emithanjeni yobuchopho: isifo sohlangothi
- Uma unesifo senhliziyo noma umfutho wegazi ophansi
- Uma udokotela wakho ekutshela ukuthi unesibalo esiphansi sezingqalampilo zegazi ezimhlophe
- Uma wena noma omunye emndenini wakho enomlando wenkinga yamahlule egazi, njengoba iZOXADON kuke kwatholakala ukuthi inokuhlobana nokwakheka kwamahlule egazi
- Uma unenkinga yokuphazamiseka kokusebenza kwezinsu noma isibindi

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- Uma unesifo *iParkinson's disease*. IZOXADON kungenzeka izenze zimbe zimbi kakhulu izimpawu zalesi sifo
- Uma unenkinga yokugula okubizwa ngetardive dyskinesia: okubonakala ngeminyakazo yemihlathi, iminyakazo ethi mayifane neyokuhlafuna, iminyakazo yolimi, ukuvula nokuvala izindebe zomlomo okuhambisana nemisindo, noma iminyakazo ezenzekelayo futhi esheshayo yezingalo noma imilenze .
- Uma uphathwa yinoma yiziphi izimpawu ezilandelayo zesifo *ineuroleptic malignant syndrome* (NMS): inkwantshu, ukushaya kwemithambo yenhliziyo ngendlela engahambelani kahle noma umfutho wegazi oxakile futhi ongajwayelekile, imfiva ephakeme, ukushaya kwenhliziyo ngesigqi esingahambelani kahle, ukushaya kwenhliziyo ngamandla kanye nokujuluka kakhulu kunokwejwayelekile
- Uma unesifo sokuwa: amafithi / ukudlikiza komzimba ngendlela engalawuleki. IZOXADON kungenzeka izenze zibe zimbi kakhulu izimpawu zalesi sifo
- Uma unesifo sikashukela: amazinga aphakeme kashukela egazini
- Uma kwenzeka ube nanoma yikuphi kulokhu okulandelayo: ukukhiqizeka ngokweqile futhi ngendlela engafanele kobisi lwebele, ukukhukhumala kwezibele zowesilisa, ukuphazamiseka komjikelezo wokuya esikhathini kowesifazane
- Uma uba nenkinga ebeleselayo yokuqhanyelwa okubuhlungu
- Uma unenkinga yokulawula izingakushisa lomzimba wakho noma ukushisa komzimba ngokweqile
- Uma ungumuntu osekhulile ngokweminyaka noma onesifo sokuphazamiseka kwengqondo (ukuphazamiseka ngokuqhubekayo kokusebenza kwengqondo) okuhlobene ne*Parkinsonism*
- Uma uhlela ukuhlinzwa kwamehlo, *i-intraoperative floppy iris syndrome* kungenzeka ikhuphule ubungozi bokwenzeka kwezinkinga eziphathelene namehlo ngenkathi ungulwa amehlo noma emuva kokungulwa amehlo
- Uma uba nenkinga yokukhuluphala kalula

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

**Ukuphuza iZOXADON nokudla kanye nophuzo:**

IZOXADON ungayiphuza nokudla noma uyiphuze ngaphandle kokudla.

Ungalokothi uphuze iZOXADON kanyekanye notshwala.

**Ukukhulelwa kanye nokuncelisa:**

Akuqinisekiswa ukuphepha kweZOXADON kwabesifazane abakhulelwe nabancelisayo. Uma ukhulelwe noma uncelisa umntwana wakho, bonisana nodokotela wakho, usokhemisi noma omunye ungoti wosizo lwezempilo nokwelashwa ngaphambi kokuba usebenzise iZOXADON.

**Ukushayela kanye nokusebenzisa imishini:**

IZOXADON ingakwenza wozele futhi uhluleke ukugxilisa ingqondo kulokho okwenzayo.

Ungalokothi ushayele imoto noma usebenzise noma yimuphi umshini kuze kufike isikhathi lapho usubonile ukuthi iZOXADON ikuphatha kanjani emzimbeni.

**Ulwazi olubalulekile mayelana nezinye zezithako zeZOXADON:**

IZOXADON iqukethe ushukela wobisi *i/lactose*. Iziguli ezinezifo zofuzo eziyivelakancane zokuhluleka komzimba ukugaya ushukela wobisi noma olunye uhlobo lukashukela olubizwa nge*galactose* akumele zisebenzise iZOXADON.

IZOXADON iqukethe ushukela wobisi ongaba nomthelela ekulawulekeni koshukela egazini lakho uma ungumuntu onesifo sikashukela.

**Ukusebenzisa eminye imithi kanyekanye neZOXADON:**

Kumele ngaso sonke isikhathi umazise umhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa uma kukhona noma yimiphi eminye imithi oyisebenzisayo. (Lokhu kubandakanya nemithi eyizondlamzimba kanye nemithi yesintu.)

Bonisana nodokotela wakho noma usokhemisi ngaphambi kokusebenzisa eminye imithi enciphisa ukushaya kwenhliziyi kanye nomfutho wegazi (*centrally acting medicines*) (isibonelo, amaphilisi okulala).

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

**Kuyinto esemqoka kakhulu ukuthi ukhulume nodokotela wakho noma usokhemisi uma kukhona noma yimuphi owusebenzisayo kule mithi elandelayo:**

- Imithi esebenza ebuchosheni bakho ekulekelelayo ukuthi wehlise umoya/ilukuluku (*benzodiazepines*) noma imithi ethile yokudambisa izinhlungu (*opiates*), imithi yokuqeda ama-aleji (okungama-*antihistamines* athile), njengoba *irisperidone* kungenzeka ikhuphule amandla okulalisa ayo yonke le mithi
- Imithi okungenzeka iguqule ukuthunyelwa kwemiyalezo kagesi okwenzeka enhliziyweni yakho, njengemithi yokwelapha umalaleveva, yokwelapha izinkinga zesigqi senhliziyo, yokwelapha ama-aleji (*antihistamines*), imithi ethile yokwelapha ingcindezi yengqondo noma imithi yokwelapha ezinye izinkinga zengqondo
- Imithi ebangela ukuthi inhliziyo ishaye kancane
- Imithi ebangela i-*potassium* ephansi (njengamadiuretics athile)
- Imithi yokwelapha umfutho wegazi ophezulu. IZOXADON ingawehlisa umfutho wegazi
- Imithi yokwelapha isifo i*Parkinson's disease* (njenge*levodopa*)
- Imithi ekhulisa ukusebenza kohlelo lwezinzwa zomzimba olubandakanya ubuchopho nomfunkulu (amapsychostimulants, anjenge*methylphenidate*)

Amaphilisi amanzi (*diuretics*) asetshenziselwa ukwelapha izinkinga zenhliziyo noma ukuvuvukala kwezingxenyane zomzimba ngenxa yokunqwabelana koketshezi oluningi ngokweqile emzimbeni (njenge*furosemide* noma *ichlorothiazide*). IZOXADON uma isetshenziswa yodwa noma isetshenziswa ne*furosemide*, kungenzeka ikhuphule ubungozi bokuhlaselwa yisifo sohlangothi noma ubungozi bokufa/bokushona kubantu asebekhulile ngokweminyaka abanesifo sokuphazamiseka kwengqondo.

**Imithi elandelayo kungenzeka inciphise amandla okusebenza kweZOXADON**

- *Rifampicin* (umuthi wokwelapha izifo ezithile ezibangelwa wukutheleleka ngamagciwane)

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- *Carbamazepine, phenytoin* (imithi yokwelapha isifo sokuwa).

Uma usaqala noma usuyeka ukusebenzisa imithi enjalo kungenzeka udinge umthamosilinganiso ohlukile weZOXADON.

**Imithi elandelayo kungenzeka iwakhuphule amandla okusebenza kweZOXADON**

- *Quinidine* (esetshenziselwa ukwelapha izinhlobo ezithile zesifo senhliziyo)
- Imithi yokwelapha ingcindezi yengqondo enjenge*paroxetine, fluoxetine*, nama*tricyclic antidepressants*
- Imithi eyaziwa ngama*beta-blockers* (esetshenziselwa ukwelapha umfutho wegazi ophakeme)
- Ama*phenothiazines* (anjengemithi esetshenziselwa ukwelapha ukugula kwengqondo noma ekulekelelayo ukuthi wehlise umoya/ilukuluku)
- *Cimetidine, ranitidine* (imithi evimbela ukunqwabelana kwe-esidi esiswini)
- *Itraconazole* kanye ne*ketconazole* (imithi yokwelapha izifo ezibangelwa wukhunta (*fungus infections*))
- Imithi ethile esetshenziselwa ukwelapha isandulelangculazi nengculazi (*HIV/AIDS*), njenge*ritonavir*
- *Verapamil*, umuthi osetshenziselwa ukwelapha umfutho wegazi ophakeme kanye/noma ukushaya kwenhliziyo ngesigqi esingahambelani kahle
- *Sertraline* kanye ne*fluvoxamine*, imithi esetshenziselwa ukwelapha ingcindezi yengqondo kanye nezinkinga eziphathelene nokugula kwengqondo.

Uma usaqala noma usuyeka ukusebenzisa imithi enjalo kungenzeka udinge umthamosilinganiso ohlukile weZOXADON. Uma ungaqinisekile ukuthi okunye kwalokhu okungenhla ngabe kuqondene yini nawe noma cha, khuluma nodokotela wakho noma usokhemisi ngaphambi kokuthi usebenzise i ZOXADON.

**4. ISETSHENZISWA KANJANI IZOXADON**

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

Ungalokothi wabelane nanoma yimuphi omunye umuntu ngemithi onikezwe yona. Kumele njalo iZOXADON uyiphuze ncimishi ngendlela akuyalele ngayo udokotela wakho.

Kumele ubuze udokotela wakho noma usokhemisi uma ungaqinisekile. Uma ubona sengathi iZOXADON inamandla ngokweqile noma sengathi ayinawo neze amandla, khuluma nodokotela wakho noma usokhemisi.

**Ukwelashwa kwesifo *ischizophrenia***

Uma kakade ususebenzisa imithi yokwelapha ukugula okuphathelene nokusebenza kwengqondo, udokotela wakho kungenzeka akuyekise kancane kancane ukusebenzisa leyo mithi lapho ushintshela ekusebenziseni iZOXADON. Uma uthola umjovo owenzelwe ukungena kancane kancane egazini (*depot injection*), udokotela wakho uzoqalisa ukukwelapha ngeZOXADON esikhundleni sokuthi akunikeze umjovo ohleliwe olandelayo. IZOXADON ungayiphuza kanye ngosuku noma kabili ngosuku.

**Umthamosilinganiso womuntu omdala lapho esaqala ukusebenzisa amaphilisi:**

Umthamosilinganiso ojwayelekile ngama-2 mg ngosuku. Udokotela wakho kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso ngosuku lwesibili ufinyelele kumthamosilinganiso ongama-4 mg ngosuku.

**Umthamosilinganiso onikezwa ngokuqhubekayo ngenhloso yokugcina izinga elidingekayo lomuthi egazini (*maintenance dose*):** Udokotela wakho uzothatha

isinqumo maqondana nomthamosilinganiso ofanelekile azokunikeza wona ngokuqhubekayo emuva kokuba esekuxilongile futhi wabukisisa isimo sakho kanye nokuthi amaphilisi akuphatha kanjani emzimbeni. Umthamosilinganiso ojwayelekile onikezwa ngokuqhubekayo ngama-4 mg kuya kuma-8 mg nsukuzonke, kodwa udokotela



**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

wakho kungenzeka awukhuphule uyofinyelela kumthamosilinganiso ophelele ongama-16 mg ngosuku.

**Ukwelashwa kwemia kulabo abaphethwe yisifo sebipolar**

Umthamosilinganiso womuntu omdala lapho esaqala ukusebenzisa amaphilisi:

umthamosilinganiso ojwayelekile uma usaqala ukwelashwa ngama-2 mg noma ama-3 mg kanye njalo ngosuku.

Umthamosilinganiso onikezwa ngokuqhubekayo: udokotela wakho kungenzeka anqume ukuwukhuphula umthamosilinganiso wakho emuva kokuba esekuxilongile futhi wabukisisa isimo sakho kanye nokuthi amaphilisi akuphatha kanjani emzimbeni.

Umthamosilinganiso ojwayelekile onikezwa ngokuqhubekayo yi-1 mg kuya kuma-6 mg nsukuzonke.

**Iziguli esezikhulile ngokweminyaka kanye neziguli ezinezinkinga zezinso noma isibindi**

Umthamosilinganiso ojwayelekile uma usaqala ukwelashwa ngu-0,5 mg kabili nsukuzonke. Udokotela wakho kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso uyofinyelela ku-1 mg kuya kuma-2 mg kabili nsukuzonke.

**Ukwelashwa kwezinkinga eziphathelene nokuziphatha kanye nezinye izinkinga eziphathelene nokuziphatha ngendlela enolaka futhi ephazamisayo, ezinganeni ezineminyaka emi-5 kuya kweyi-12 ubudala**

Umthamosilinganiso ojwayelekile uma usaqala ukwelashwa yi-0,01 mg ngekhilogremu ngalinye kanye nsukuzonke. Udokotela kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso onikezwa ngokuqhubekayo uyofinyelela ku-0,02-0,04 mg ngekhilogremu ngalinye kanye nsukuzonke.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

**Uma uphuze iZOXADON engaphezulu kwaleyo okumele uyiphuze:**

Uma kwenzekile waphuza umthamosilinganiso oweqile, bonisana nodokotela wakho noma usokhemisi. Uma uhluleka ukuthola omunye walaba, xhumana nesibhedlela esiseduze nawe noma isikhungo esilawula ubuthi/ushevu.

**Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza umthamosilinganiso weZOXADON:**

Uma kwenzekile wakhohlwa ukuphuza amaphilisi, waphuze ngokushesha amaphilisi akho emuva kokukhumbula ukuthi kumele uwaphuze. Uma sekusondele isikhathi sokuphuza umthamosilinganiso wamaphilisi olandelayo, ungabe usawuphuza lowo mthamosilinganiso wamaphilisi okhohliwe ukuwuphuza futhi uqhubeke uphuze umthamosilinganiso wephilisi olandelayo ngesikhathi esijwayelekile. Ungalokothi uphuze imithamosilinganiso yamaphilisi ephindwe kabili noma umthamosilinganiso oweqile ngenhloso yokuvala isikhala semithamosilinganiso okhohliwe ukuyiphuza. Uma unenkinga yokukhumbula ukuthi kumele uyiphuze nini iZOXADON, cela usokhemisi wakho akuphe amacebo azokusiza ukuthi ukhumbule.

**5. IMITHELELA ENGATHANDEKI OKUNGENZEKA IBE KHONA**

IZOXADON kungenzeka ibe nemithelela engathandeki emzimbeni. Akuyona yonke imithelela engathandeki ebikiwe yeZOXADON equkethwe kuleli pheshana lolwazi. Uma siba sibi isimo sakho sempilo jikelele, noma uma uzwa umthelela ongemnandi futhi ongathandeki emzimbeni ngenkathi usebenzisa iZOXADON, bonisana nomhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ukuze uthole ukwelulekwa.

Uma kwenzeka noma yikuphi kulokhu okulandelayo, yeka ukusebenzisa iZOXADON futhi utshele udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe:

- ukuvuvukala kwezandla, izinyawo, amaqakala, ubuso, izindebe, umlomo noma umphimbo okungenza kube nzima ukugwinya noma ukuphefumula

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- ukuqubuka noma isikhumba esilumayo
- ukuquleka
- isifo sokuguquka kwesikhumba namehlo kube nombala ophuzi, futhi esibizwa ngejondisi

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi kakhulu futhi enobungozi. Uma unayo le mithethelela, kusho ukuthi kunokwenzeka ukuthi umzimba wakho awuzwananga neze neZOXADON oyisebenzile. Kungenzeka udinge usizo lokwelashwa oluphuthumayo noma ukulaliswa esibhedlela.

Tshela udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

- ukushaya kwenhliziyo ngokushesha noma ngesigqi esingahambelani kahle
  - ubunzima bokuphefumula noma ukuphefumula ngokushesha ngokungajwayelekile, iphika, izinhlungu esifubeni
  - ukubefuzela, umfutho wegazi oshintshashintshayo, imfiva ephakeme, ukujuluka
  - izinkinga zokugula okungumphumela wesifo sikashukela (ushukela wegazi ophakeme) esingalawuleki, ezingambulala nokumbulala umuntu
  - ukuqina noma ukudonseka kwemisipha yomzimba, ukungasebenzi kwezinzwa ohlangothini olulodwa noma ezinhlangothini zombili zomzimba, ukuquleka
- Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi futhi enobungozi. Kungenzeka kudingeke ukuba uthole usizo lokwelashwa oluphuthumayo.

Tshela udokotela wakho uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

Imithelela engathandeki evamile ukubonakala:

- Inyumoniya, isifo sokutheleleka kwesifuba ngamagciwane (ibhronkhayithisi), izimpawu zomkhuhlane, isifo sokutheleleka kwezimbotshana zomoya emakhaleni ngamagciwane, isifo somgudu womchamo, isifo sokutheleleka ngamagciwane endlebeni, ukuzizwa sengathi unomkhuhlane

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- Ukuzimuka (ukukhuluphala), ukukhula kothando lokudla, ukuncipha kothando lokudla
- Inkinga yokungalali kahle, ukucasuka kalula/inhliziyo encane, ingcindezi yengqondo, itwetwe nexhala, ukungahlaliseki/ukungabi nasinqe
- Iminyakazo yezicubu zomzimba, amehlo, umlomo, ulimi noma umhlathi (*dystonia*) ezenzekelayo
- Isiyazi, ukuthuthumela okungalawuleki
- Ukufiphala kwamehlo, isifo samehlo esithathelwanayo (noma uphenyane)
- Umfutho wegazi ophakeme
- Umphimbo obuhlungu, ukukhwehlela, ukopha emakhaleni, ukucinana emakhaleni
- Isisu esibuhlungu noma esizwakala sinokungaphatheki kahle, ukuhlanza, isicanucanu, ukuqunjelwa, isifo sohudo, inkinga yokungagayeki kahle kokudla, umlomo owomille, izinyo elibuhlungu
- Inkwantshu, izinhlungu emathanjeni noma emisipheni yomzimba, ubuhlungu bomhlane, ubuhlungu bamalunga/amajoyinti omzimba
- Ukungakwazi ukubamba (ukuhluleka ukulawula) umchamo
- Ukuwa

Imithelela engathandeki engavamile ukwenzeka:

- Ukutheleleka ngamagciwane kwemigudu yokuphefumula, inyumoniya, isifo sokutheleleka ngamagciwane kwesinye, isifo sokutheleleka ngamagciwane kwamehlo, ukutheleleka kokhunta ezinzipheni (*fungus infection*), isifo sokutheleleka ngamagciwane esikhumbeni
- I-anemiya, ukuncipha kwenani lezingqalampilo zegazi ezibomvu/ezimhlophe
- Isifo sikashukela noma isifo sikashukela esibhebhethekayo sibe sibi kakhulu, ushukela wegazi ophakeme, ukuphuza amanzi ngokweqile
- Ukudideka (noma uguquko esimweni sengqondo), inkinga yokungadli kahle ehlobene nokungalali kahle

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- *Itardive dyskinesia* (iminyakazo yokudikiza noma yokudlukuza kwezicubu nemisipha ongakwazi ukuyilawula eyenzeka ebusweni bakho, olimini noma kwezinye izingxenye zomzimba wakho) ukuphazamiseka kwamandla okugxilisa ingqondo, ukungakwazi ukunambitha
- Ukuzwela ngokweqile kwamehlo ekukhanyeni, amehlo omile, ukwanda komthamo wezinyembezi, ububomvu bamehlo
- *Ivertigo*, ukukhala kwezihlonono ezindlebeni, indlebe ebuhlungu
- Umfutho wegazi ophansi
- Isifo sokutheleleka ngamagciwane kwesisu noma kwamathumbu, inkinga yokuhluleka ukubamba nokulawula indle, indle eqine kakhulu, ubunzima bokugwinya, ukusuza ngokweqile
- Umqubuko obangelwa wukungezwani nokudla/nomuthi othile (phecelezi ama*hives*), ukuluma kwesikhumba, ukuqothuka kwezinwele, i-*eczema*, isikhumba esomile, ukuguquka kombala wesikhumba, izinduna
- Ukuvuvukala kwamajoyinti omzimba, ubuthakathaka bemisipha yomzimba, intamo ebuhlungu
- Ukuchama njalo, izinhlungu lapho uchama
- Ukungavuki kwenduku kowesilisa, inkinga ephathelene nokuthunda (ukuphuma kwesidoda), ukukhukhumala kwezibele kubantu besilisa, izinkinga eziphathelene nokuya esikhathini kwabesifazane, ukuvuza kwesitho sangasese sowesifazane, ukuncipha kwenkanuko yocansi
- Izingakushisa lomzimba elehlile, izingalo nemilenze ebandayo

Uma ubona noma yimiphi eminye imithelela engathandeki engabhaliwe kuleli pheshana lolwazi, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

**6. UKUGCINWA NOKUL AHLWA KWEZOXADON**

- Yigcine ezingeni lokushisa elingama-25 °C noma ngaphansi kwalokho.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

- Maqondana namaphilisi agcinwe kwizingqwenjana eziyizigcinamaphilisi: Izingqwenjana eziyizigcinamaphilisi zigcine kwibhokisana lamaphilisi kuze kufike isikhathi lapho sekudingeka ukuba zisetshenziswe.
- Maqondana namaphilisi agcinwe ezitsheni zamaphilisi: Amaphilisi wagcine esitsheni sawo esivalwe ngci.
- Ungawasebenzisi amaphilisi emuva kosuku lokuphelelwa kwawo yisikhathi olubhalwe kuqwenjana oluyisigcinamaphilisi noma esitsheni esiqukethe amaphilisi.
- Yiphindisele emuva kusokhemisi wakho yonke imithi engasetshenziswanga.
- Ungalokothi ulahle imithi engasetshenziswanga ezinhlelweni zamapayipi okuchitha amanzi noma okuthutha indle (isibonelo, ezindlini zangasese). **YONKE IMITHI KUMELE UYIGCINE ENDAWENI EZINGAFINYELELI KUYONA IZINGANE.**

**7. UKWETHULWA KWEZOXADON**

Itholakala kwizingqwenjana eziyizigcinamaphilisi ezikhanyayo ezibonisa okuqukethwe ngaphakathi ezivalwe ngci ezakhiwe nge *PVC-PVDC/Al heat* noma esitsheni samaphilisi esakhiwe ngepulastiki yohlobo lwe-*HDPE* esinesivalo esiyi-*Snap-On LDPE cap* esineringi ebonisayo uma kukhona oke wazama ukuvula isitsha.

**8. UKUHLONZWA KWEZOXADON**

ZOXADON 0,5 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala ophuzi ngokukhanyayo, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T. Usayizi 8 x 5 mm

ZOXADON 1 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala omhlophe, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T1. Usayizi 8 x 5 mm.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

ZOXADON 2 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala omhlophe, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T2. Usayizi 10 x 5 mm.

ZOXADON 3 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala omhlophe, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T3. Usayizi 11 x 6,5 mm.

ZOXADON 4 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala omhlophe, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T4. Usayizi 14 x 7,5 mm.

ZOXADON 6 mg: Ingamaphilisi anongwengwezana anombala omhlophe, amise okweqanda, aqumbile kancane nhlangothi zombili, anomugqa phakathi nendawo, anombhalo oqoshiwe othi T. Usayizi 16 x 8,5 mm.

**9. IZINAMBA ZOKUBHALISWA**

ZOXADON 0,5 mg: A41/2.6.5/0468

ZOXADON 1 mg: A41/2.6.5/0445

ZOXADON 2 mg: A41/2.6.5/0468

ZOXADON 3 mg: A41/2.6.5/0469

ZOXADON 4 mg: A41/2.6.5/0470

ZOXADON 6 mg: A41/2.6.5/0447 \*Ayithengiswa

**10. IGAMA, IKHELI LENKAMPANI KANYE NENAMBA YOCINGO YOMNIKAZI**

**WESITIFIKETI SOKUBHALISWA**

Pharma Dynamics (Pty) Ltd

1<sup>st</sup> Floor Grapevine House

Steenberg Office Park

Silverwood Close, Westlake, 7945

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI  
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IZOXADON**

Cape Town, South Africa

Inamba yocingo: +2721 707 7000

**11. USUKU LOKUSHICILELWA**

Usuku lokubhaliswa: 09 Zibandlela 2008

Usuku lokugunyazwa kwakamuva: 6 Masingana 2020

**NAMIBIA :**

ZOXADON 0,5 mg: NS3 10/2.6.5/0021

ZOXADON 1 mg: NS3 10/2.6.5/0022

ZOXADON 2 mg: NS3 10/2.6.5/0023

ZOXADON 3 mg: NS3 10/2.6.5/0024

ZOXADON 4 mg: NS3 10/2.6.5/0025

ZOXADON 6 mg: NS3 10/2.6.5/0026